



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA
SIKAZWELONKE

IBANGA LESI- LE
4 - 6

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
UHLAKA LOKUGCINA

UHLA LOKUQUKETHWE

ISIGABA SOKUQALA - 1

Isitatimende Senqubomgomo Yohlelo Lwezifundo Nokuhlola Lukazwelonke

- 1.1 Ulwazi lwaphambilini
- 1.2 Ukubuka ngamafuphi
- 1.3 Izinhloso ezivamile ZoHlelo Lokufunda LwaseNingizimu Afrika
- 1.4 Ukwabiwa kwesikhathi
 - 1.4.1 Isigaba Esiyisisekelo
 - 1.4.2 Isigaba Esiphakathi Nendawo

1.4.3 Isigaba Esiphakeme

1.4.4 Amabanga 10-12

INGXENYE 2

Izinga elimaphakathi

Ulimi lokuqala Lokwengeza amabanga 4 – 6

Isingeniso

Indlela yokufundisa ehlanganisayo

2.3 Ukwabiwa kwesikhathi

Ulimi lokuqala Lokwengeza emazingeni amaphakathi

Ukulalela nokukhuluma

Ukufunda

Ukufunda

Ukubhala

Ukwakhiwa nokusetshenziswa kolimi

Izinto zokusekela ukufunda nokufundisa

2.10.1 Umfundi

2.10.2 Uthisha

2.10.3 Izinsiza zasekilasini

Izindlela zokufundisa ulimi

INGXENYE 3

Ukukhiwa phezulu kwamakhono, okuqukethwe kanye namasu

Ukusabalala imibhalo kuwo onke amaBanga 4-6

Ukufingwakwezinhlobo zombhalo kulo lonke izinga

Ubude be Mibhalo yoLimi Lokuqala Olungeziwe

Izinhlelo zokufundisa

Indlela imibhalo ehlangana ngayo emjikelezweni wamasonto amabili

Indlela imibhalo/imisebenzi elandelaniswa ngayo kuyo yonke imijikelo yamasonto amabili

Uhlobo lwemibhalo emisiwe nencoywayo

Inani lemibhalo ebalulekile emjikelezweni wamasonto amabili

Indlela yokwenziwa kwezinhlobo zokufundisa kolimi

Indlela ukuCabanga Nokucabangisa okumbandakanywa ngayo

INGXENYE 4

Umhlahlandlela wokuhlola

Isingeniso

Ukuhlolwa okungahleliwe noma kwansuku zonke

Ukuhlola okuhleliwe

Izidingo zokuHlola Okuhleliwe zoLimo Lokuqala Olwengeziwe

Izinhlobo zokuhlolwa okuhleliwe zoLimi Lokuqala Olungeziwe

Uhlelo Lokuhlola

UkUbhala nokubika

Ukulawula Kokuhlola

Jikelele

ISIGABA SOKUQALA - 1

Isitatimende Senqubomgomo Yohlelo Lwezifundo Nokuhlola Lukazwelonke

Ulwazi lwaphambilini

IsiTitimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke sebanga R kuya kwele – 12 (uTAHFUZWE) sikhombisa inqubomgomo yezinhlelo zezifundo kanye nezokuhlola emkhakheni wokufunda esikoleni.

Ukuze kwenziwe ngcono ukusetshenziswa kwaso, kwadingeka ukuthi kube nezichibiyelo ezithile ezizoqala ukusebenza ngoMasingana ngonyaka wezi-2012. Kwabe sekubhalwa umqulu owodwa odidiyele IsiTitimende SenQubomgomo YoHlelo LweziFundo NokuHlola KukaZwelonke saleso naleso sifundo, okuwumqulu othatha isikhundla seziTitimende Zesifundo,umHlahlandlela yohlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela YokuHlola Izifundo ebangeni R kuya kwele – 12.

1.2 Ukubuka ngamafuphi

- (a) IsiTitimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke sebanga R kuya kwele – 12 (kuMasingana ngonyaka wezi-2012,) simele inqubomgomo yokufunda nokufundisa ezikoleni zaseNingizimu Afrika futhi siqukethe lokhu:

IsiTitimende seNqubomgomo yoHlelo lwezifundo nokuHlola lukaZwelonke kuleso naleso sifundo esifundwayo.

Umqulu weNqubomgomo, i-National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement ibanga R kuya kwele-12,kanye Nomqulu weNqubomgomo, i-National Protocol for Assessment ibanga R kuya kwele - 12 kuMasingana ngonyaka we-2012).

- (b) IsiTitimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke sebanga R – 12 (kuMasingana 2012), sithatha indawo yeziTitimende zoHlelo lweziFundo lukaZwelonke ezimbili ezikhona njengamanje;okuyilezi

(i) IsiTitimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke Olubukeziwe ibanga R kuya kwelesi - 9, Igazethi KaHulumeni ye-23406 zingama-31 kuNhlaba ngonyaka wezi -2002 kanye

(ii) IsiTitimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke ibanga le-10 kuya kwele - 12,Igazethi KaHulumeni ye-25545 ziyi-6 kuMfumu ngonyaka we-2003 neye-27594 ziyi-17 kuNhlaba ngonyaka we-2005.

- (c) IsiTitimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke esibekwe sacaciswa esigabeni u-(a) kanye no- (b) siqukethe le miqulu yenqubomgomo elandelayo esizomiswa ukusetshenziswa kuthi esikhundleni sayo kungene isiTitimende soHlelo lweziFundo ibanga R kuya kwele -12 kusuka ngonyaka wezi-2012 kuya kowezi-2014:

(i)Isifundo/ isiTitimende sesiFundo ,umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola kwesiFundo ibanga R kuya kwelesi-9 kanye nebanga le-10 kuya kwele -12;

(ii) Umqulu wenqubomgomo, i-National Policy on Assessment and Qualification for Schools in the General Education and Training Band okwashicilelwakwaba umthetho kuGovernment Notice No.124 kuGovernment Gazette No. 29626 mhla ziyi-12kuNhlolanja ngonyaka wezi -2007.

Umqulu weNqubomgomo, i-National Senior Certificate:iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF),elshicilelwa laba semthethweni kuGovernment Gazette No. 27819 mhla zingama- 20 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2005.;

Umqulu weNqubomgomo, isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: :iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF),,ukubhekelela izingane ezinezidingo eziyisipesheli,elethulwa kuGovernment Gazette, No. 29466 mhla ziyi-11 kuZibandlela ngonyaka wezi- 2006,lifakiwe nalo kulo mqulu wenqubomgomo,i-National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement ibanga R kuya kwele -12; kanye Nomqulu wenqubomgomo, isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: :iKhwalfikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF),ukubhekelela i-national Protocol for Assessment (ibanga R kuya kwele-12),elashicilelwa laba semthethweni kuGovernment Notice No. 1267 kuGovernment Gazette No. 29467 mhla ziyi- 11 kuZibandlela ngonyaka wezi-2006 .

:

(c) Umqulu wenqubomgomo , i-National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement ibanga R kuya kwele - 12, kanye nezigaba ezitholakala esiTatimendeni seNqubomgomo soHlelo lweziFundo nokuHlola njengoba kubekiwe ezahlukweni kusuka kwesesi-2,3 kanye nesesi-4 kulo mqulu kuyingxenywe yemithetho nemigomo yesiTatimende soHlelo lweziFundo ibanga R kuya kwele-12. Ngalokho-ke,ngokuka section 6 A weSouth African Schools Act,1996 (Act No.84 of 1996,) kwakha isisekelo sokuthi uNgqongqoshe weMfundo esemaZingeni aPhansi ukunquma imiphumela kanye nemigomo emincane nje okungasukelwa kuyo, kanye nenqubo, nendlela yokwenza ukuhlola kokuphumelela komfundi ukuba kusetshenziswe ezikoleni zomphakathi nalezo ezizimele.

Isinhloso ezejwayelekile zohlelo lwezifundo zaseNingizimu Afrika

IsiTatimende SoHlelo Lwezifundo LukaZwelonke ibanga R kuya kwele – 12 sikhombisa lokho okuthathwa ngokuthi kungulwazi, amakhono namagugu adinga ukufundwa ezikoleni zaseNingizimu Afrika. Lolu hlelo lwezifundo ihlose ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola babuye basebenzise ulwazi namakhono njengendlela ahambisana ngayo nezimpilo zabo. Ngale ndlela uhlelo lwezifundo lukhulisa ulwazi lwezimo abaphila kuzona, bebe benozwelo kuzibopho zomhlaba jikelele..

IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke sebanga R kuya kwele–12 sihlose lokhu: Ukuhlomisa abafundi, noma ngabe bavela kuziphi izimo zenhlalo yomphakathi nezomnotho, ubuzwe, ubulili, ukukwazi ukusebenzisa umzimba nengqondo/ukuhlakanipha, ngolwazi, amasu nokungamagugu adingekayo ukuze bakwazi ukuzenelisa, nokubamba iqhaza elibonakalayo emphakathini njengezakhumusi zezwe elikhululekile.

Ukuvumela abafundi ukuba bangene emikhakheni yemfundo ephakeme.

Ukwenza kube lula kubafundi ukwedlulela ezikhungweni zemisebenzi ngemuva kokuqeda esikoleni/imfundo yamabanga apha keme; kanye

Ukwedlulisela kubaqashi ulwazi oluphelele ngamakhono nakwazi ukukwenza ngempumelelo umfundi.

IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke sebanga R kuya kwele –12 sesekwe yile migomo elandelayo:

Ukuguquka kwezenhlalo yomphakathi; ukubhekelela ukungalingani kwezemfundo ngesikhathi esedlule ukuze kulungiswe, nokuthi amathuba okufunda alinganayo atholwe yiwo wonke umphakathi;

Ukufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa; ukukhuthaza indlela yokufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa ekufundeni, kunokuthi abafundi bamane bagxishe emakhanda lokho abanikwe khona bebe bengayiqondi incazelo yakho;

Ulwazi oluphakeme namakhono aphakeme, ubuncane obemukelekile umthetho wokulinganisa ulwazi okumele luzuzwe ebangeni ngalinye kumele bucaciswe, kubekwe nemigomo ephezulu okumele izuzwe kuzo zonke izifundo;

Inqubekela phambili yolwazi; okuqokethwe nengqikithi yalelo nalelo banga kukhombise inqubekela phambili ukusuka kokulula kuya kokulukhuni.

Amalungelo esintu, ukudidiyela, ubulungiswa bezemvelo nezenhlalo yomphakathi; ukufaka imigomo nenkambiso yobulungiswa bezemvelo nezenhlalo kanye namalungelo esintu njengoba echaziwe kumThethosisekelo waseNingizimu Afrika. IsiTitimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke sebanga R kuya kwele – 12 (Jikelele) sinozwela ezindabeni zokwehlukahlukana kwesintu njengobuphofu, ukungalingani, ubuzwe, ubulili, ulimi, ubudala nokukhubazeka kanye nezinye izimo;

Ukwazisa ngezinhlelo zolwazi lwendabuko, ukwazisa ukunotha komlando namasiko aleli zwe, nomthelela obalulekile wokufundisa ngamagugu aqukethwe ngumThethosisekelo okube nawo njengomsuka wenguquko ukusiza ekuguquleni amagugu abafundi; kanye Nokukholakala, uhlonze kanye nokwenza ngempumelelo, ukuhlinzeka ngohlobo lwemfundo olungaqhathaniseka ngokuqeqesheka nangazo zonke ezinye izindlela njengakwamanye amazwe.

Isitatimende Sohlelo Lwezifundo Lukazwelonke sebanga R kuya kwele–12 luhlose ukukhiqiza abafundi abazokwazi :

Ukubona baxazulule izinkinga, bakwazi nokwenza izinqumo besebenzisa ukucabanga ngokuhlaziya nangobuchule;

Ukusebenza ngokuzinikela nabanye njengamalungu eqembu;

Ukulungiselela, bakwazi ukuziphatha bona baphathe nemisebenzi yabo ngokuyikho;

Ukuqoqa, bahlaziye, bahlele, bahlanganise, bahlolisise ngokucubungula ulwazi.

Ukuxoxisana ngempumelelo besebenzisa izinto ezibukwayo, ukufanekisa ngezimpawu kanye namanye amakhono olimi ezimeni ezahlukeneyo;

Ukusebenzisa isayensi nobuchwepheshe ngempumelelo nangokuhlolisisa bekhombisa nokuzinikela kwezemvelo kanye nempilo yabanye; kanye

Nokukhombisa ukuqondisisa umhlaba njengenkundla yezinhlelo ezihlobene ngokubona ukuthi izimo zokuxazulula izinkinga azenzeki ngazodwana.

Ukuhlanganisa izinhlobo zabafundi yikho okumele kube ngumgogodla ezikhungweni zomsebenzi, ukulungiselela nokufundisa kuleso naleso sikole. Lokhu kungenzeka kuphela uma bonke othisha bekuqonda kahle ukuthi bazobabona futhi babasize kanjani abafundi abanezihibe ekufundeni, nokuthi bazokuhlelela kanjani ukwehlukahlukana kwabafundi.

Okusemqoka ngokuhlanganisa izinhlobo zabafundi, ukuqinisekisa ukuthi zonke izithiyo ziyabonwa zigudluzwe ngayo yonke indlela ezikoleni, kumbandakanya othisha, amakomidi asemahhovisi ezemfundo, amakomidi ezikoleni, abazali kanye nezikole ezikhethekile ezisetshenziswa njengemithombo yolwazi. Ukugudluza izithiyo emakilasini, othisha bangasebenzisa amaqhinga ahlukeneyo ezinhlelo zezifundo njengalezo ezitholakala eMnyangweni wezeMfundo eyisisekelo: Guidelines for Inclusive Teaching and Learning (2010).

Ukwabiwa kwesikhathi

1.4.1 IsiGaba esiyisiSekelo

Isikhathi sokufundisa emkhakheni weSigaba Esiyisekelo sinjengoba sikhonjisiwe kuleli thebula elingezansi:

Isifundo	IBANGA R (amahora)	IBANGA LOKU-1 KUYA KWELESI-2 (AMAHORA)	IBANGA LESI-3 (AMAHORA)
ULimi lwaseKhaya	10	7/8	7/8
ULimi lokuQala lokwEngeza		2/3	3/4
Izibalo	7	7	7
Amakhono Empilo:	6	6	7
Ulwazi Lokuqala	(1)	(1)	(2)
Ubuciko nomsebenzi wezandla			
Isifundo Sokuzivocavoca	(2)	(2)	(2)
Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(2)	(2)	(2)
	(1)	(1)	(1)
ISAMBA	23	23	25

Isikhathi sokufundisa sebanga R, 1 nebanga lesi-2, amahora angama-23 kuthi ibanga lesi-3 kube ngamahora angama-25.

Izilimi zabelwe amahora ayi-10 ebangeni R kuya kwelesi -2 kanye namahora ayi-11 ebangeni lesi-3. Isibalo esiphezulu samahora ayisi-8 nesibalo esiphansi esingamahora ayi-7 sabelwe uLimi lwaseKhaya kanye nesibalo esiphansi esingamahora ama-2 nesibalo esiphezulu esingamahora ama-3 soLimi LokuQala LokwEngeza ebangeni R kuya kwelesi-2. Ebangeni lesi-3 isibalo esiphezulu esingamahora ayisi-8 nobuncane obungamahora ayisi-7 sabelwe iziLimi aseKhaya kanye nobuncane obungamahora ama-3 nobuningi obungamahora ama-4 oLimini LokuQala lokwEngeza.

Esifundweni samakhono olwazi lokuqala, kwabiwe ihora eli-1 ebangeni R kuya kwelesi - 2 kanye namahora ama-2 njengoba kukhonjisiwe ngamahora akubakaki ethebulini ebangeni lesi-3:

1.4.2 IsiGaba esiPhakathi neNdawo (ibaanga lesi- 4 kuya kwelesi – 6)

Leli thebula elingezansi likhombisa izifundo nesikhathi sokufundisa esibekiwe sesigaba esiphakathi nendawo:

ISIFUNDO	AMAHORA
Ulimi lwaseKhaya	6
ULimi lokuQala lokwEngeza	5
Izibalo	6
Isayensi nobuchwepheshe	3,5
Isayensi yezokuhlalisana kwabantu	3
Amakhono Empilo	4
Ubuciko Bokusungula	(1.5)
Isifundo sokuzivocavoca	(1)
Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(1.5)
ISAMBA	27,5

1.4.3 IsiGaba esiPhakeme

Isikhathi sokufundisa IsiGaba EsiPhakeme simi ngale ndlela:

ISIFUNDO	AMAHORA
ULimi lwasEkhaya	5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4
Izibalo	4.5
Isayensi yezemvelo	3
Isayensi yokuhlalisana komphakathi	3
Ezobuchwepheshe	2
Isayensi yokuphathwa komnotho	2
Ukwazi amakhono empilo	2
Ubuciko namasiko	2
ISAMBA	27,5

IBANGA le – 10 kuya kwele -12
Isikhathi sokufundisa ebangeni le 10 kuya kwele – 12 simi ngale ndlela:

Isifundo	Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto (amahora)
ULimi lwasKhaya	4.5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4.5
Izibalo	4.5
Ukwazi Impilo	2
Okungenani kungakhethwa izifundo ezintathu eqoqweni B Isengezelelo B,Ithebula B1 kuya ku-B8 kumqulu wenqubomgomo,National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement ibanga R kuya kwele- 12,isifundo ngokombandela obhalwe esigabeni sama-28 kumqulu wenqubmgomo obhalwe ngenhla.	12 (3x4 amahora)
ISAMBA	27,5

Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto kungasetshenziswa kuphela esibalweni esiphansi esidingekayo sezifundo zesiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke (TAHFUZWE) njengoba kukhonjisiwe ngenhla, akumele kusetshenziswe kunoma yiziphi izifundo ezengeziwe ohlwini lwenani lezifundo ezivunyelwe. Uma umfundi efisa ukwengeza ezinye izifundo, isikhathi kumele sandiswe ukwenelisa lezo zifundo.

INGXENYE YESI - 2

IZINGA ELIMAPHAKATHI

ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA AMABANGA 4 – 6

ISINGENISO

Ukulalela nokukhuluma	Ukucabanga nokucabangisisa nokwakheka kolimi kanye nokusetshenziswa kwalo, okuhlanganiswa nawowonke amakhono (ukulalela, ukukhuluma, ukufunda nokubhala)
Ukufunda nemisindo	
Ukubhala nokubhala ngesandla	

Ezingeni elimaphakathi, amakhono abalulekile olimi lokuqala Lokwengeza yilawa: Okuqukethwe (Ulwazi, imicabango noma umqondo kanye namakhono) okutholakala kusiTatimende soHlelo lwezemfundo lukazwelonke [TaHFuZWE] sekuhlelwe kabusha kwiNqubomgomo yesiTatimende soHlelo nokuHlola [NquTaHleHlo], ngokwethemu, kusetshenziswa izihloko. I-NquThaHleHlo inikeza uthisha lokhu okulandelayo:

Isingeniso siqukethe umhlahlandlela wokusetshenziswa komqulu we-zinga elimaphakathi . Okuqukethwe, imicabango/imiqondo kanye namakhono okumele kufundiswe ngethemu. umhlahlandlela ngokwabiwa kwesikhathi

Okudingekayo ngemisebenzi emiselwe ukuhlola kanye neziphakamiso zokuhlola okungamiselwe.

Uhla lwemithombo yolwazi enconyiwe ngokwezingxenye nangokwebanga.

INDLELA YOKUFUNDISA EHLANGANISA IZILIMI EZIMBILI

Emfundweni eyisisekelo kugxilwa ekwakhiweni kwesisekelo esiqinile sokukhuluma emaBangeni R – 1.

Lokhu kunikeza isisekelo sokufunda emabangeni 2 no 3. ENingizimu Afrika izingane eziningi ziqala ukusebenzisa ulimi Lokwengeza, IsiNgesi, njengoLimi lokuFunda nokuFundisa eBangeni 4. Lokhu kusho ukuthi kumele bafinyelele ezingeni eliphameke lokusebenzisa ilimi lwesiNgesi ekupheleni kweBanga lesi 3, kulindeleke nokuthi bakwazi ukufunda nokubhala kahle isiNgesi

Ngenhlanhla, izingane ziyakwazi ukwedlulisa amakhono amaningi ezifundo ezimbandakanya ukufunda nokubhala asuselwa oLimini lwazo LwaseKhaya. ULimi Lokuqala Lokwengeza [NquTaHleHlo], ulwazi izingane esezina lwamakhono elitheresi uLimini LwaseKhaya. Isibonelo, imisebenzi okuqalwa ngayo oLimini lwaseKhaya [NquTaHleHlo], kusaqalwa ngawo naseLimini lokuqala lokwEngaza [NquTaHleHlo], ebangeni elilandelayo. Yikho-ke lokhu okubizwa ngokuthi yi ndlela yokufundisa ehlanganisayo- ngaleyo ndlela kwakheka isisekelo esiqinile sokwazi ukufunda nokubhala oLimini lwaseKhaya kanye nasoLimini Lokuqala Lokwengeza kulokhu.

Lokhu kusho ukuthi abafundi bebanga-4 bazoba nesisekelo esiqinile olimini lwabo Lokuqala Lokwengeza ukuze bakwazi ukufunda nga lolo limi.

2.3 UKWABIWA KWESIKHATHI

Isikhathi sokufundisa soLimi Lokuqala Lokwengeza emazingeni amaphakathi (Intermediate Phase) amahora ama-5 ngesonto. Konke okulimi okuqokethwe kwenziwa ngomjikelezo wamasonto amabili (amahora ayi- 10). Isikhathi sokufundisa esiphindwe kabili (1 double period) masingahlukaniswa ngesonto elilodwa. Kuphakanyiswe lesikhathi esilandelayo esabelwe amakhono ehlukeno olimi:

ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto			
	IBANGA LESI- 4	IBANGA LESI- 5	IBANGA LESI- 6
Ukulalel a nokukhul uma	1 ihora	1 ihora	1 ihora
Ukufund a	2 amahora nemizuzu enga-30	2 amahora nemizuzu enga-30	2 amahora
Ukubhal a	1 Ihora	1 Ihora	1 ihora nemizuzu enga- 30
Izakhiwo nokusets	Imizuzuzu enga-30	Imizuzuzu enga- 30	Imizuzuzu enga- 30

henziswa kolimi			
	Amahora ama-5 ngesonto	Amahora ama-5 ngesonto	Amahora ama-5 ngesonto

Izakhiwo nokusetshenziswa kolimi zididiyelwa ngesikhathi esihlelelwe ukufunda amakhono ilimi. Kukhona nesikhathi esiyimizuzu angama- 30, esibekelwe imisebenzi emiselwe izimiso. Amakhono okucabanga nokuqonda ambandakanywa namakhono namaqhinga adingekayo okulalela, okukhuluma, okufunda nokubhala.

2.4 ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA EMazingeni AMAPHAKATHI

Ulimi ithuluzi lemicabango nokuxhumana. Kwenzeka ngokusebenzisa ulimi ukwehlukanisa amasiko nokuxhumana kwenhlalo kubantu kuyabonakala futhi kwakheke. Yilo futhi ilimi olungathuthukisa lobu budlelwane. Ukufunda ukusebenzisa ulimi ngempumelelo, kwenza kube lula kubafundi ukuba bathole ulwazi, ukusho imvelaphi yabo, imizwa nemibono, nokuxhumana empilwe yabo yonke.

ULimi Lokuqala Lokwengeza lusho ukuthi akulona ulimi lwebele lomfundi, kodwa lusetshenziselwa ukuxhumana ezimweni ezithile emphakathini, okuwukuthi ilimi lokufunda nokufundisa. Isifundo soLimi Lokuqala Lokwengeza simbandakanya zonke izilimi ezisemthethweni: isiBhunu, isiNgisi, isiNdebele, isiXhosa , IsiZulu, isiPedi isiSuthu isiTswana, isiSwati, isiVenda kanye nesiTsonga.

Inqubomgomo yokufunda nokufundisa zixhasa kakhulu abafundi abazosebenzisa uLimi Lokuqala Lokwengeza njengolimi lokufunda nokufundisa. Ekupheleni kwebanga le-9 laba bafundi kumele bebe sebekwazi ukusebenzisa ulimi lwabo lwaseKhaya kanye neLokuqala Lokwengeza ngokufanele nangokuzethemba ezimweni ezahlukene, kanye nokufunda.

Amazinga okuhlakanipha olimi lokuqala Lokwengeza kumele lube ngendlela yokuthi lungasetshenziswa njengolimi lokufunda nokufundisa. Ukulalela, ukukhuluma kanye nekhono lokusetshenziswa kolimi zolokhu kuthuthukiswa kulungiswa emazingeni amaphakathi ukuthuthukisa ikhono lokubhala nokufunda kubafundi

UKULALELA NOKUKHULUMA

Ukulalela nokukhuluma kuyinsika yokufunda kuzo zonke izifundo. Ngokusebenzisa ngempumelelo amasu okulalela nokukhuluma, abaundi baqonda babuye bahlanganise ulwazi, bakhe ulwazi baxazulule izinkinga bakwazi nokweneka imibono nemecabango yabo. Amakhono okulalela ngokuhlolisisa enza abafundi bakwazi ukubona amagugu nezimo ezimbelwe emibhalweni, nokuphonsa inselelo olimini olubandlululayo nolukhohlisayo. Emazingeni amaphakathi, abafundi boLimi Lokuqala Lokwengeza bazosebenzisa amakhono okulalela nokukhuluma ukuze baxhumane baphinde bavumelane ngomqondo walokho okukhulunywa ngakho. Bazothuthukisa amakhono abawakhile emaBangeni eyiSisekelo ukuqhubeka nezingxoxo kanye ukuzethula.

Kuleli zinga ulimi ulokhulunywa abafundi lusadinga ukulakanyiswa (ukuxhaswa ngolwazimagama nokwakhiwa kwemisho). Uthisha kumele aqikelele ukuthi zonke izingane ziyalithola ithuba lokukhuluma isiNgisi. Abafundi bazothuthuka ngamazinga ehlukeni, uhtisha uzonqamula imkulumo ngokubuza imibuzo kuya ngokwezinga lomfundo ngamunye.

Njengoba abafundi bedlulela emebangeni alandelayo, uthisha ulindele ukuthi abafundi bakhulume kangcono, nenkulumo yabo ithi ukuba yinde.

Abafundi bazokwakhela ezinhlotsheni zemibhalo ezithulwe eZingeni Eliyisisekelo (isib. indaba, ukuxoxa ngaye, imilayezo) futhi bazothulwa kwemisha, (isib. ukuxoxa amaqiniso, izinhlobo ezahlukene zendaba, imibiko yomlomo, izinkulumo ezimfushani).

Isikhathi sokufundisa kumele sifake imisebenzi yansuku zonke yokulalela okufishane, nomsebenzi wokukhuluma kanye nemisebenzi ecazelwe isonto lonke.

UKUFUNDA

Amakhono okufunda athuthukisiwe ayinsika ekufundeni okuyimpumelelo kulo lonke uhlelo lwezifundo nasekuzibandakanyeni emphakathini nasemsebenzini. Abafundi bathuthukisa ubuchwepheshe ekufundeni nasekubukeleni uhla olubanzi lwimibhalo kanye nimibhalo abukelwayo ukuthola ulwazi. Abafundi babuna ukthi uhlobo lwimibhalo nolimi olusetshenziswayo ngokwenhloso , izethameli nesimo kuveza kanjani inhloso, izethameli nesimo semibhalo.

Ezingani elimaphakathi uzokwakha ususela emaBangeni ayiSisekelo samabanga R– 3. Uma kudingeka sebenzisa ukufunda ngokunikezelana ekuqaleni kwebanga lesi- 4 ukuhola abafundi kuleli zinga. Ngesinye isikhathi ungasebenzisa le ndlela uma unezincwadi ezanele, noma-ke ukuxoxa indaba. Uma ungenazo izincwadi ezanele , kuleli zinga ukngasebenzisa umbhalo oyisusele ezincwadini ozifundayo. Ungasebenzisa nendlela yokufunda ngokufundela ikilasi lonke.

Sebenzisa ukufunda ngamaqembu okulawulwayo

Sebenzisa ukufunda kwamaqembu okulawulwayo kanye nezindlela zokufunda ngokuzimela/ngababili ukwenza abafundi beze okuningi ekufundeni ngokuzimela. Ukufunda ngokuzimela okushiwo ezinhlelweni zokufundisa kufanele kufakwe phakathi kwesikhathi esibekelwe ukufunda. Khuthaza abafundi bakho ukuba bazifundele uma bethola isikhathi. Phinda ulungise imisebenzi eyahlukene yezifundo zokuqondisisa ukuze ubone ukuthi abafundi bayakuqonda abakufundayo.

Indlela yokufunda eqhubekayo

Indlela yokufunda eqhubekayo yakhiwe ilezigaba; ukulungiselela ukufunda, ukufunda nengemumva kokufunda. Imisebenzi engenziwa umfundi ingabalwa kafishane njengoba kulandela:

Ukulungiselela ukufunda:

Ukuvuselela ulwazi olukhona

Ukubheka kumthombo, umbhali, nosuku lokushicilela.

Ukufunda isigaba sokuqala nesokugcina sesiqephu

Ukuqagela

Ukufunda:

Ukuma izikhawu ukuze uhlole ukuqonda kanye nokwenza nokuzikisa umqondo

Ukuqhanisa okuqokethwe nokuqagela kwakho

Ukusebenzisa ingqikithi ukwakha uokuchazwa amagama angaziwa kaningi ngokungenzeka; lapho kungalungi khona kusetshenziswe isichazamazwi.

Ukwakha isithombe ngokufundwayo
Ukuqhubekela phambili ngisho noma kunengxenywe engaqondakali lapha nalaphaya.
Ukuphinda ufunde futhi isiqephu uma ungaqondi nhlobo. Ukufunda isiqephu esididayi ngokuphimsela kuzwakale, ngokungaphuthumi, noma kokubili.
Ukucela usizo komunye umuntu ukuze uqonde lesosiqephu esinzima
Faka omaka bokufunda bese ubhala uchaze amaphuzu abalulekile.
Ukucabanga ngokufundile
Ngemumva kokufunda

Uma uzodinga ukukhumbula ulwazi oluthile, bhala uhlelozithombe noma ubhale amcabango/umbono.
Ukuwenza izinqumo
Ukubhala ngokufingqa ukukusiza ukuba ucaciseleke futhi ukhumbule imiqondo esemqoka
Ukucabanga nokubhala imibuzo emisha onayo ngesihloko
Zibuze ukuthi uyifezile inhloso yakho?
Ukuqonda - Ukuqinisekisa ukuqonda umbhalo
Ukuhlola - ukuchema, ukucophelela, nokuthi umbhalo ukuliphi izinga lobuhle
Ukwandisa ukucabanga kwakho - ngokusebenzisa imibono oyithole embhalweni

UKUBHALA

Ukubhala ithuluzi elinamandla lokuxhumana elivumela abafundi ukuba bakhe futhi baveze imicabango nemibono ngokuhlangene. Ukuzilolonga njalo ukubhala kuzo zonke izindikimba ezihlukene, imisebenzi nezihloko kusiza abafundi ukuba baxhumane ngokusebenzayo nangempumelelo. Inhloso ukukhiqiza ababhali abafanele nabanamakhono amaningi abazokwazi ukuwa ukwakha nokwethula imibhalo efanele ebhaliwe, ebukelwayo, kanye nemibhalo yokusaka okuningi ngokwezinhloso ezihlukene. EBangeni Eliphakathi, abafundi boLimi Lokuqala Olwengeziwe bazodinga ukusekelwa nokuholwa ngokucophelela fukuze bathuthukise amakhono okukhiqiza imibhalo ebhaliwe ezinzile.

Ukubhala kubalulekile ngoba kuphoqa abafundi ukuba bacabange ngehlelo lolimi nesipelingi. Lokhu kukhuthaza abafundi ukuba basebenze ulimi, kushesha ukufunda uLimi futhi kukhulisa ukushaya emhlohleni. Abafundi bazofunda ukubhala imibhalo eyizinhlobo ezechukene yokuziqambela nemibhalo enika ulwazi, baqale ngokusebenzisa amafremu ukusekela kanye nokufunda kancane kancane ukubhala imibhalo yezinhlobo ezithile ngokuzimela. Bazosebenzisa inqubo yokubhala ukukhiqiza imibhalo ehlelekile, enohlelo lolimi olufanele.

Ukulandela inqubo yokubhala
Ukubhala nokwakha imibhalo kuyinto eqhubekayo eyakhiwe ilezizigaba ezilandelayo:
Ukulungiselela ukubhala / ukuhlela
Ukubhala uhlaka
Ukubukeza
Ukufunda kulungiswa amaphutha
Ukushicilela / ukwethula

Abafundi badinga ithuba lokusebenzisa lenqubo futhi kufanele:
banqume ngenhloso kanye nezethamelizombhalo obhaliwe futhi/noma owakhiwe;
baninge ngeqondo besebenzisa amabalazwe engqondo, amafloshadi noma izinhla;
bafunde imithombo efanele, bekhetha ulwazi olufanele futhi bahlele imiqondo

bakhiqize uhlaka yokuqala ebheka inhloso, izethameli, isihloko kanye nokwakheka kombhalo;
 bafunde ngokujula uhlaka futhi bathole umbono yabanye (abafundi nabo noma uthisha);
 bafunde balungise amaphutha asohlakeni; futhi
 bakhiqize umbhalo wokugcina ngobunono, obonakalayo, onganamaphutha.

UKWAKHIWA NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Ulwazi oluhle lohlu lwamagama nohlelo lolimi luhlinzeka ngesisekelelo sokuthuthukiswa kwamakhono (ukulalela, ukukhuluma, ukufunda nokubhala) oLimini Lokuqala Olungeziwe EZingeni Eliphakathi abafundi bazokwakhela kusisekelo esibekwe amaBangeni R ukuya ku-3.

Ngokusebenzisa imibhalo ehlukeni abafundi belula ukusetshenziswa kohlu lwamagama kanye nokusebenzisa kahle ukuqonda ukwakheka kolimi. EZingeni Eliphakathi, abafundi boLimi Lokuqala Olwengeziwe bazoqaphela kakhudlwana amagma kanye nokwakhiwa kolimi abakwazela eZingeni Eliyisisekelo, bahlolisise indlela ulimi olungeziwe elisebenza ngayo futhi balusebenzise ngokuqonda, futhi basebenzise lokhu ukwakha lokuhlola ukusetshenziswa kolimi lwabo, ikakhulukazi uma bebhala.

Abafundi bazakuhlola ukuthi ulimi lusetshenziswa kanjani, futhi bazakhele ulimi oluhlanganelwe lokukhuluma ngolimi ('ulimi lolimi' / 'ulimi oluchaza ulimi'), bahlola imibhalo yabo neyabanye bajule ngokomqondo, ukuphumelela nokushaya emhlohleni. Bazokwazi ukusebenzisa lolu ulwazi ukulinga ulimi ukwakha umqondo (oqhamuka ezingeni legama nelomusho ukuya embhalweni wonke), futhi babone ukuthi uhlobana kanjani umbhalo nendikimba yawo.

Kulindelekile ukuthi ukwakheka nokusetshenziswa kolimi kuzofundiswa ngokwendikimba njengoba kufundiswa futhi kuthuthukiswe amanye amakhono olimi. Kodwa-ke, esiBangeni Eliphakathi, imizuzu engamashumi amathathu ibekwe eceleni ukufundisa ngayo okuhleliwe kanye nokulolonga ukwakheka nokusetshenziswa kolimi. Izinhlelo zokufundisa ziqukethe uhlu lwezinto okufanele zifundiswe ebangeni ngalinye. Lezi zintozifakwe ohlwini ekuqaleni kwalelo nalelo themu. Uma kukhethwa imibhalo ngokulalela nokukhuluma ukhethelwa umjikelo ngamunye wamasonto amabili, qinisekisa ukuthi iqukethe okunye kwezinto zolimi ofuna ukuzifundisa ngalelo themu. Yenza imisebenzi emayelana nale mibhalo ezovumela abafundi ukuba basebenzise lezi zinto, endikimbeni. Ngokunjalo, imibhalo yokubhala abafundi abazoyibhalo izombandakanya izintozolimi. Khokhelaabafundi bakho ngokusetshenziswa ngendlela nangemfanelo kwalezi zinto. Khetha ezinye zezinto abafundi bakho abazithola zinzima futhi balolonge ngokuhleliwe (kule mizuzu engemashumi amathathu ngeviki ebekelwe eceleni ukwenza lokhu).

Izinhlobo zemibhalo ebalulekile elandelayo ingukufingqwa okuhlangatshezenwe nayo eZingeni Eliphakathi kanye nezinhlobo zolimi eziphakathi kule mibhalo. Lolu lwazi luzokusiza uma uhlela imisebenzi ngemibhalo ehlukeni ukuze abafundi bezosebenza ngalezi zinhlobo zolimi. Khetha kuphela izinhlobo zolimi ezimbalwa ukuba zingenziwa njalo nje uma ufundisa lezinhlobo zombhalo.

Uhlobo lombhalo)	Ezinye zezinhlobo zolimi ezitholakala embhalweni ngamunye
Exoxa ngaye	Ulimi oluchazayo Inkathi edlule (eqondile yamanje nedlule eqhubekayo) Amagama esikhathi ahlanganisa izigameko

	<p>Amagama wasitshela ukuthi kuphi, nini, nobani, kanjani</p> <p>Imisho embaxa</p> <p>Izihlanganisi</p> <p>Inkulumo ngqo kanye nenkulumbiko</p> <p>Amabizo nezabizwana</p>
Exoxa ngokuyiqiniso	<p>Isichasiso</p> <p>Imishwana yamabizo nezabizwana</p> <p>Izivumelwano zondaweni</p> <p>Izabizwana</p> <p>Inkathi Eqondile Edlule</p> <p>Izenzo Nemishwana Yezenzi</p>
Indaba nemidlalo	<p>Abantu abathile noma abalingiswa</p> <p>Izenzo</p> <p>Isichasiso sokuchaza izenzo</p> <p>Isichasiso sokuchaza abalingiswa nesizinda</p> <p>Imisho embaxa nemide</p> <p>Izihlanganisi (ikakhulukazi amagama esikhathi) okukhombisa ukulandelana kwezigameko</p> <p>Inkulumo ngqo kanye nenkulumbiko</p> <p>Izinkathi ezahlukene ikakhulukazi inkathi edlule - eqondile neqhubekayo</p> <p>Izimpawu zokubhala: ikhonco, izibabazi, imibuzo</p>
Izinkondlo	<p>Ulimi lwezithombe</p> <p>Amabizo</p> <p>Izichasiso</p> <p>Izabizwana</p> <p>Izichasiso</p> <p>Izivumelwano zondaweni</p> <p>Imisho eqondile</p>
izinkambiso / Imiyalelo / izinkombandlela	<p>Izenzo ezivame ekuqaleni komyalo ngamunye</p> <p>Umyalo wohlobo lwesenzo</p> <p>Izichasiso</p> <p>Amagama asitshela ukuthi kanjani, kuphi, nini, nobani</p> <p>Izihlanganisi okukhombisa ukulandelana kwezinyathelo</p> <p>Izivumelwano zondaweni</p> <p>Inkathi Yamanje Eqondile</p> <p>ukusho ukwenzeka kwento</p>
Izingxoxo	<p>Ukufinyezwa kwezinhlobo zezenzo kanye nendlela yensizanso</p> <p>nezisandiso</p> <p>izindlela zesenzo</p> <p>Izivumelwano</p> <p>Izabizwana</p> <p>Imibuzombumbulu</p> <p>Inkathi: Eyamanje kanye Nedlule Eqondile</p>
Imibhalo yolwazi	<p>Imishwana yamabizo nezabizwana</p> <p>Inkathi Yamanje Eqondile</p> <p>Izenzo</p> <p>Izichasiso</p> <p>Izivumelwano zondaweni</p> <p>ukusho ukwenzeka kwento</p> <p>Izabizwana</p>

	Ulimi lokuqhathanisa, ukwahlukanisa, ukuchaza kanye nokwahlula ukukhombisa ubudlelwano Izimpawu zokubhala: okhefana
Amanothi nezincwadi	Ukufinyezwa kwezinhlobo zezenzo kanye nezinsizasimo ukwenzela ukukhombisa ukungahleleki Izinsizasimo zokukhombisa ukuhlonipha Izivumelwano Izabizwana zababambiqhaza abathile Imibuzo kanye nezimpendulo zokufuna ulwazi nokuphendula Imisho ephikayo Izinkathi ezahlukene Izimpawu zokubhala: imibuzo
Izincazelo	Inkathi yamanje eqondile Imishwana yamabizo nezabizwana Izichasiso ukusho ukwenzeka kwento
Izichazi	Inkathi yamanje eqondile noma edlule eqondile Imishwana yamabizo nezabizwana Izichasiso ezisetshenziselwa ukunikeza imininingwane ukusho ukwenzeka kwento

Abafundi basebenzisa amakhono okucabanga nokucabangisisa ekufundeleni ulwazi kulo lonke uhlelo lwezifundo. Lolu hlobo lamakhono okusetshenziswa kwengqondo oludingeka lapha luhluke kakhulu kusukela ekusetshenzisweni kolimi lusetshenziswa ngumuntu, enhlalweni kanye nasemibhalweni. EBangeni Eliphakathi, abafundi boLimi Lokuqala Olwengeziwe bazodinga ukusekelwa nokuholwa ngokucophelela ukuze bathuthukise lamakhono oLimini labo Lokuqala Olwengeziwe. Bazakusebenza ezingeni eliphezulu kunalelo ebesebenza ngalo eZingeni Lesisekelo njengoba iningi labo lizobe lifunda ngoLimi Lokuqala Olungezelela. La makhono akhelwe ohlelweni lokufundisa njengengxenye yokuLalela, ukuKhuluma, ukuFunda nokuBhala.

IZINTO ZOKULEKELELA UKUFUNDA NOKUFUNDISA

2.9.1 Umfundi

Amabanga 4-6	
izinto ezibalulekile	
Incwadi yolimi emiselwe i-FAL	√
Isichazamazwi	√
Incwadi yokufunda/izincwadi zokufunda ziqukethe uhlobo lombhalo olulandelayo	
	√
Izindaba	√
Imidlalo	√
Inkondlo	√
Imibhalo yolwazi	√
Imibhalo ngenhlalo	√
Imibhalo yabezindaba	√

izinto zokusakaza	
Amaphephandaba	√
Amaphephabhuku	√
Izinhlelo zikamabonakude	√
Izinhlelo zomsakazo	√

2.9.2 Uthisha

Uthisha kufanele abe:

Inqubomgomo Yesitatimende Sohlelo Lwezifundo Kanye Nokuhlola

Inqubomgomo Yolimi Kwezemfundo

Incwadi yolimi emiselwe i-FAL esetshenziswa ngabafundi: kanye namathekhsthibhuku ukwenzela izinhloso zokwengeza kwemisiwe.

Incwadi yokufunda/izincwadi zokufunda ziqukethe izinhlobo zombhalo onconywayo

Izichazamazwi kanye nezincwadi okubukwakuzo (ezilimi-lunye, ezilimi-mbili, nezilimi-ningi; ithesorasi, i-ensayoklophidiya,njll.)

IFayela Lemithombo Kathisha/iNcwadi: lokhu kungaba yifayela elakhiwe izinto eziqokelelwe nguthisha noma isiKhokhelo Sikathisha esishicilelelwe ukuthengiswa

2.9.3 Izinsiza zasekilasini

Imibhalo yokufunda ngokuhlanganyela yeBanga i - 4. Lokhu kungaba iziNcwadi Ezinkulu noma eminye imibhalo ekhulisiwe noma ithekhsthibhuku emisiwe noma izincwadi zokufunda.

Imibhalo enhlonhlobo yokubhekana namazinga ahlukeno okufunda, isib. inqokelela yezincwadi zokufunda ezinakopi anele emibhalo yezinga ngalinye ekilasini.

Izinto zokusakaza ezinhlobonhlobo: amaphephandaba, amaphephabhuku, amabhrosha, amaflaya, izikhangiso, amaphosta, izaziso, njll.

Izinsizakulalela/kubona

IZINDLELA ZOKUFUNDISA ULIMI

Izindlela zokufundisa ulimi zisekelwe kumibhalo, zinokuxhumana futhi zigxile enqubeni. Indlela esekelwe emibhalweni kanye nenqubo yokuxhumana zilele ekuqhubekeleni phambili kokusetshenziswa kanye nokukhiqizwa kwemibhali.

Indlela esekelwe emibhalweni ihlola ukuthi imibhalo isebenza kanjani. Inhloso yendlela esekelwe emibhalweni ukusiza abafundi ukuba babe abafundi, ababhali nababukeli abafanele bemibhalo. Ifaka phakathi ukulalela, ukufunda, ukubukela nokuhlaziya imibhalo tsenga amatheksti khona bazokuzwisisa bona akhiqizwe bunjani nepumelelo yawo. Ngalokhu kuxhumana okujulile, abafundi baba khono lokuhlaziya imibhalo. Inhloso yendlela esekelwe emibhalweni lifaka phakathi izinhlobo ezahlukeni zemibhalo yezinhloso ezahlukeni nezethameli. Le ndlela yakhiwe ngokuqonda ukuthi imibhalwe yakhiwe kanjani. Le ndlela idinga ukubonisa okukhulu, ukusekela nokwakhela oLimini Lokuqala Olwengeziwe.

Iziphakamiso zalokhu zakhelwa kuzinhlelo zokufundisa.

Indlela okuxhumana iphakamisa ukuthi uma kufundwa ulimi, umfundi kufanele kufanele anikwe amathuba amaningi okuba nolimi oluqondiwe kanye nawokuzilolonga ngolimi noma ukukhiqiza ulimi ngokuxhumana izinhloso zasenhlalweni nokuzilolonga. Ukufunda ulimi kufanele kube yimvelo, inqubo engahleliwe elethwa ekilasini lapho amakhono okufunda ukufunda/ukubukela kanye nokubhala nokwethula efundwa khona ngendlela eyi'mvelo' - abafundi bafunda ukufunda okuningi futhi bafunda ukubhala ngokubhala ukubhala okuhlukahlukeni.

INGXENYE 3

3.1 OKUQUKETHWE NOHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI

Amabanga 4-6		
Amakhono	Okuqukethwe	Amasu kanye namakhono
Ukulalela nokukhuluma	Ukulalela ngokuqondisisa Izinhlobo ezahlukeni zengxoxo yokuxhumana Ingxoxo Izinkombandlela nemiyalelo Ukuxoxa indaba Ukulingisa Ingxoxo yeqembu Izinkulumo ezimfushane Izinkondlo ezimfushane nemilolozelo Imidlalo yolimi	Ukulalelela ngokuqondisisa Ukubhala imibono ebalulekile nesekeleyo ngokuthatha amanothi, ukwenza uhlu lokuhlola, ukufingqa, ukuphinda axoxe, ukuchaza Ukucacisa imibuzo Ukuxhumana ngezinhloso yezokuhlalisana Ukuziqala izingxoxo nokuzigcina ziqhubeka Ukuxoxa ngokunikezana amathuba Ukukhuthaza ukusetshenziswa kolimi lokwengeza Izinkulumo ezimfushane ezilungiselelwe Ucwaningo Ukuhlela izinto ngokulandelana Ukukhetha nokwakha imibono ebalulekile nesekele ngezibonelo Indlela yokubhala efanele, ulwazimagama, ulimi, ukuvumelana kolimi esimweni esithile

		<p>Iphimbo, ukukhuluma kuzwakale, ijubane, ukubheka abantu, ukumakanye nokunyakaza komzimba</p> <p>Ukungenisa nokuphetha ngempumelelo</p> <p>Ukufaka izinsiza ezibukelwayo, ezilalelwayo ezifanele futhi/noma ezilalelwa</p> <p>zibezibukelwe ezifana namashadi, amaphosta, imifanekiso</p>
<p>Ukufunda</p>	<p>Izinhlobo zemibhalo ezinconywayo:</p> <p>Izindaba, isib. izindaba zangempela eziqanjiwe, izindaba zendabuko (izinkolelo nemizekelo, izinganekwane, izinsumansumane), izindaba zezehlo, umlando ngempilo yomuntu, ezindaba eziqanjiwe zomlando</p> <p>Imidlalo</p> <p>Inkondlo</p> <p>Imibhalo yolwazi, isib. izinkambiso, ukusho amaphuzu, imibiko yolwazi</p> <p>Imibhalo ngezenhlalo, isib. izimemo, amakhadi, izincwadi</p> <p>Imibhalo yabezindaba, isib. izikhangiso, imibiko yamaphephandaba, iziqeshana zamaphephabuku, izaziso, amaphephabhuku, amapheshana aqukethe ulwazi oluthile</p> <p>Amasu okufunda nokubukela</p> <p>Okubhaliwe nokufundwayo okubonakalayo: izikhangiso (amaphosta, amapheshana aqukethe ulwazi oluthile, izikhangiso), amakhathuni, iziqeshana zamakhomikhi, imidwebo / amagrafu / amathebula / amashadi</p> <p>Ukuqondisisa</p> <p>Ukufunda kuzwakale okulungiselelwe nokungalungiselelwe</p>	<p>Ukufunda / ukubukela:</p> <p>Ukusebenzisa amasu okulungiselela ukufunda, ukufunda kanye nawangemva</p> <p>kokufunda:</p> <p>Ukuqonda umbhalo</p> <p>Ukufunda okuvalekile kanye nokujulile kombhalo (ukufunda ngokuqondisisa)</p> <p>Ukukhombisa ukufunda ngokuzimela (ukufunda noma yini efundela ukuzijabulisa, ulwazi nokufunda)</p> <p>Ukuthula abafundi kulokhu:</p> <p>Izinto ezitholakala embhalweni – izihloko, imifanekiso, amagrafu, amashadi, imidwebo, izihlokwana, ukufakelwa kwezindaba, izihloko zezindaba, izisematheni, indlela yokubhala, isib. amakholumu amaphephabhuku, njll.</p> <p>Isakhiwo sombhalo – izinhla, ukulandelana ngendlela, ukuchaza, izinkambiso, amaphuzu abalulekile nasekelayo, ukulandelana kokuxoxwayo.</p> <p>Izingxenye zencwadi – ikhasi lesihloko, ithebula lokuqukethwe, izahluko, iglosari, njll.</p> <p>Amasu okufunda nokubukela</p> <p>Ukufunda udlulisa amehlo kubhekwa amaphuzu abalulekile</p> <p>Ukufunda udlulisa amehlo ukuthola imininingwane esekelayo</p> <p>Ukunikiza incazelo yamagama angajwayelekile nemifanekiso ngokusebenzisa amakhono okulalesisa amagama kanye nezinkomba ezitholakala engqikithini</p> <p>Ukuphinda ufunde</p> <p>Ukuthatha amanothi (amaphuzu abalulekile nesekelayo)</p>

		<p>Ukufingqwa imibono ebalulekile nesekeleyo ngadlela yamaphuzu/ isigaba ngokubude obudingekayo</p> <p>Ukucacisa</p> <p>Ukunikeza izincazelo/ ukufanisa</p> <p>Uchaza umbono wombhali</p> <p>Ukuphetha / ukubeka umbono wakho</p> <p>Ukufunda nokubhala okubonakalayo – (izinhlobo zemibhalo ebhaliwe kanye nebukelwayo, isib. izikhangiso, izaziso, amaphosta, amakhomikhi, amakhathuni, izithombe, imifanekiso):</p> <p>Amaqinga okunxena: ulimi oluvusa imizwa, ukuchema</p> <p>Umthelela wokusebenzisa izinto ezibonakala ngayo, isib. uhlobo nobungako bezinhlamvu, izihloko nesihloko sendaba, imifanekiso</p> <p>Inkondlo</p> <p>Umqondo osobala</p> <p>Indikimba kanye nomlayezo</p> <p>Imifanekisomqondo, isib. isifaniso kanye nokwenza samuntu, ukuqokwa kwamagama</p> <p>Amathuluzi emisindo, isib. Imvumelwano yemisindo, isigqi, izimpawu zokubhala, impinda, ifanamsindo, ifuzamsindo</p> <p>Indaba kanye Nemidlalo</p> <p>Uhlaka/isakhiwo</p> <p>Abalingiswa</p> <p>Isendlalelo nesizinda</p> <p>Ukwakheka kombhalo nendlela yokubhala</p> <p>Izimpawu ezibalulekile zombhalo</p> <p>Imibhalo yolwazi kanye neyenhlobo</p> <p>Izethameli nenhloso</p> <p>Umbono obalulekile kanye nemibono esekelako/ imininingwane eshaya emhlohlweni</p> <p>Ukwakheka kombhalo nendlela yokubhala</p> <p>Izimpawu ezibalulekile zombhalo</p> <p>Ukufunda okulungiselelwe nokungalungiselelwe (Ukufunda kuzwakale)</p> <p>Ukusetshenziswa iphimbo, ukukhuluma kuzwakale, ijubane, ukuqondana kwamehlo, ukuma kanye nokunyakaza komzimba</p> <p>Ukuphimisa amagama ngendlela</p>
Ukubhala	Ukubhala amagama, isib.	Inqubo yokubhala

	<p>uhlu Ukubhala imisho Ukubhala isigaba</p> <p>Umbhalo wokuqambela Okuchazayo, isib. ukuchazwa kwabantu, izindawo, izilwane, izitshalo, izinto, njll. Okulandayo, isib. izindaba, ukuxoxa ngobuyena Okuyimcabango, isib. izinkondlo ezimfushane Amaphepha abhalwe inkulumompendulwano kanye nemidlalo emfushane esuselwa kuzindabeni</p> <p>Ukubhalela umsebenzi (imibhalo yenhlalweni, yokusebenza, yokusakaza kanye neyolwazi) Amanothi, imiyalezo, izincwadi, amakhadi ezifiso, izimemo Amaphosta, izaziso, amabhroshe, izikhangiso Izinkulumo ezimfushane ezibhaliwe imibhalo yenkambiso kanye nokuyisho Ukusho amaqiniso, imibhalo yolwazi, isib. imibiko yezindaba, imibhalo yezinye izihloko, imibhalomdwebo</p>	<p>Ukulungiselela ukubhala / ukuhlela Ukucangela izethameli nenhloso Ukucabanga uhlobo lombhalo Ukucabanga usebenzisa umdwebo wemicabango Ukuhlela imiqondo</p> <p>Ukwakha uhlaka Ukuqoka amagama Ukwakha imisho Imiqondo ebalulekile nesekeleyo Izimpawu ezishaya emhlolweni ezibalulekile zombhalo odingekayo (isib. inkulumo ngqo yenkulumompendulwano) Ukufunda umbhalo wakho ohlaziwayo Ukuthola umbono wofunda nabo kanye nothisha</p> <p>Ubukeya, ukufunda kulungiswa amaphutha nokwethula Ubukeya: enze ngcono okuqukethwe aphinde ehlele imiqondo uhlaziya ukuqokwa kwamagama, ukwakheka kwemisho nesigaba Ukulungiswa kwamaphutha: ukulungisa amaphutha ohlelo lolimi, isipelingi kanye nezimpawu zokubhala Ukwethula umbhalo wokugcina ngobunono, obonakalayo, onganamaphutha.</p>
<p>Ukwakhi wa nokusetshenziswa kolimi</p>	<p>Imithetho yolimi Izimpawu zokukhanyisa Isipelingi</p> <p>Izakhiwo zolimi Izingcezu zenkulumo: amabizo, okusho ukwenzeka kwento, izabizwana, isibaluli, izenzo, inkathi, izindlela zesenzo, izisandiso, amagama ayizihlanganisi</p> <p>Ukwakheka komusho; imisho eqondile onxgube nomagatshagatsha, nemide. ewuhlobo lemyalelo, eyimibuzo, izitatimende, inkulumo ngqo nenkulumombiko, impambosi yokwenza, nempambosi yokwenziwa</p> <p>Ukuthuthukiswa kolwamagama: omqondofana, omqondophika, omsindofana.</p>	

amabizombaxa, iziqalo, izijobelelo, izifingqo, izifinyezo, izaga, izenzo zemishwana

3.2 Ukundlaleka kombhalo emaBangeni le-4 - 6

Imibhalo ehlukehlukehene ikhethelwe isikhathi esiwumjikelezo owodwa wamasonto amabili. Imibhalo ebalulekiwe ibhalwe ngezansi. Abafundi bazakuzimbandakanya ngeminye noma yonke imibhalo esikhathini esingamasonto amabili, okungukuthi, bazoyilalela futhi bayethule ngomlomo noma bayifunde noma bayibhale. Bheka iNgxenye 3.5 Izinhlelo Zokufundisa ukuthola ulwazi oluthe xaxa ngemibhalo.

	IBANGA LESI- 4	IBANGA LESI- 5	IBANGA LESI- 6
Ithemu yesi- yoku-1			
Isondo loku-1 nelesi-2	Indatshana kanye nokuxoxa ngaye	Indatshana; ukuxoxa ngaye	Indatshana; umdlalo wolimi
Isondo lesi-3 nelesi-4	Umbhalo wolwazi, isib. imibiko yezindaba/ ukusho amaqiniso, amabalazwe	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe / amagrafu; ingxoxo; ukusho amaqiniso	Umbhalo wolwazi, isib. imibiko yezindaba/ukusho amaqiniso; izincwadi; ukusakaza, isib. Isikhangisi
Isondo lesi-5 nelesi-6	indaba nokuchazwa kwabantu noma abalingiswa	Indaba, ukulingisa nokuchazwa kwabantu ; isimemo; umlayezo	Indaba; idayari
Isondo lesi-7 nelesi-8	Umbhalo wolwazi: izinkambiso / imiyalelo / izinhla	Umbhalo wolwazi: izinkambiso; imiyalelo; umdlalo wolimi	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe / amagrafu; izinkambiso; imiyalelo; izincwadi
Isondo lesi-9 nelesi-10	Iculo, inkondlo	Inkondlo; iculo	Inkondlo; ukuchazwa komuntu; ukuchazwa kwenyo/isilwane/isitshalo/i ndawo; umdlalo wolimi
Ithemu yesi- yesi-2			
Isondo loku-1 nelesi-2	Indaba, ukuxoxa ngaye kanye nomlayezo	Indaba; ingxoxo; ukubukeza incwadi	Indaba
Isondo lesi-3 nelesi-4	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ izithombe / amagrafu; amaphosta,	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe / amagrafu; izinkambiso; imiyalelo; izincwadi	Imibhalo yolwazi evela kulo lonke uhlelo lwezifundo, isib. ukuchazwa kwento/isilwane/ isitshalo/ indawo; imibhalo ebukwayo, isib. amashadi /

	isinkombandlel, ukuchazwa kwento		amathebula / imifanekiso/ njll.
Isondo lesi-5 nelesi-6	Indatshana kanye nokuxoxa ngaye	Indaba	Indaba, ukuxoxa ngaye; incwadi yobungani; ukulingisa
Isondo lesi-7 nelesi-8	Izinkambiso, imiyalelo; umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ izithombe / amagrafu.	Umbhalo wolwazi: izinkambiso; imiyalelo; ukusho amaqiniso	imibhalo yolwazi enezithombe, isib. amathebula esikhathi namasheduli kamabona kude /amashadi / amathebula / imifanekiso/ amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe; izincazelo ukubuyekizwa kwencwadi; ucwaningo; imaphephambuzo; umdlalo wolimi
Isondo lesi-9	UKUHLOLA NGOKUPHELELE		
Ithemu yesi- yesi-3			
Isondo loku-1 nelesi-2	Indaba, ukuchzwa komuntu / isilwane / umlingiswa/ inkulumompendulwano, ukubukeza incwadi	Indaba, ukuchazwa komlomo kwezindawo/ abantu; ukuxoxa ngaye	Indaba, incwadi yabantu; idayari; ukuchazwa komlomo kwezindawo / isilwane / izitshalo / izinto
Isondo lesi-3 nelesi-4	Umbhalo wolwazi, isib. ukusho amaqiniso/ amathikili/imibiko yezindaba; imibhalo enezithombe isib. amaphosta/izaziso ; izingxoxo	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe / amagrafu	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ amabalazwe egqondo / amabalazwe / izithombe / amagrafu; ucwaningo; imibiko
Isondo lesi-5 nelesi-6	Indaba; inkondlo	Indaba; inkondlo	Indaba; inkondlo
Isondo lesi-7 nelesi-8	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso / izithombe; izincazelo zezindawo / izitshalo / izilwane / izinto ; izinkambiso	Umbhalo wolwazi: izinkambiso; ingxoxo; umdlalo wolimi; umbhalo wolwazi ovela kulo lonke uhlelo lwezifundo, isib. umbiko	Umbhalo wolwazi – izinkambiso; imiyalelo; umbhalo wolwazi ovela kulo lonke uhlelo lwezifundo, isib. umbiko; umdlalo wolwazi
Isondo lesi-9 nelesi-10	Umdlalo, ukulingisa; ukubukeza incwadi	Umdlalo, ingxoxo; inkulompendulwano	Umdlalo

Ithemu yesi- yesi-4			
Isonto loku-1 nelesi-2	Ingxoxo, umdlalo wolimi; indaba	Indaba, umdlalo wolimi; ukuxoxa ngaye	Indaba; incwadi
Isonto lesi-3 nelesi-4	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi / amathebula / imifanekiso/ izithombe; ama-inthavyu/ imibukiso yokuxoxa, isib. amaphosta/isaziso; imiyalezo	Umbhalo wolwazi, isib. ama-athikili yamaphephabhuku / imibiko yezindaba / imibhalo yamaqiniso, iphosta	Umbhalo wolwazi ovela kulo lonke uhlelo lwezifundo, isib. – umbiko; ukuxoxa; umdlalo wolimi; izincazeloz;
Isonto lesi-5 nelesi-6	Indaba, umdlalo wolimi, idayari	Indaba, inkondlo, ukuxoxa ngaye; ukukeza indaba	Indaba; inkondlo, ukubukeza incwadi; incwadi
Isonto lesi-7 nelesi-8	Ingxoxo; ukuxoxa; umbhalo wolwazi; umbhalo obonwayo, isib. iphosta / isaziso	Umbhalo wolwazi ovela kulo lonke uhlelo lwezifundo, isib. – umbiko; ingxoxo; iphosta; umbhalo onokubukwayo, isib. ishadi	Umbhalo wokusakazi, isib. ama-athikili amaphephabhuku / imibiko yezindaba / iphosta; isikhangiso
Isonto lesi-9	UKUHLOLA NGOKUPHELELE		

3.3. Ukufingqwakwezinhlobo zombhalo kulo lonke izinga

IBANGA LESI- le-4	IBANGA LESI- le-5	IBANGA LESI- le-6
ULWAZI		
Ukusho okungamaqiniso, isib. Ukuxoxa ngezindaba, ukuchaza okuthile – isuselwa eqinisweni Imibhalo yolwazi jikelele Imibhalo yabezindaba ofana nezaziso zasemsakazweni Imiyalelo efana nemiyalelo yetshengisombono, imithetho yemidlalo, izinkombandlela Imibhalo ebonwayo: isib. imifanekiso, amashadi, amathebula, izithombe, umqondomdwebo, imifanekiso	Ukusho okungamaqiniso, isib. Ukuxoxa ngezindaba, ukuchaza okuthile – isuselwa eqinisweni Imibhalo yolwazi jikelele Imibhalo yolwazi Imibhalo yokusakaza, isib. izaziso zasemsakazweni Imiyalelo efana nemiyalelo yetshengisombono, imithetho yemidlalo, izinkombandela Imibhalo ebonwayo: isib. imifanekiso, amashadi, amathebula, izithombe, amabalazwe engqondo, imifanekiso	Ukuchaza okufana nezincwadi okubukwa kuzo, izichazimwazi, izincazeloz, imibhalo evela kwezinye izifundo Ukusho amaqiniso efana nemibiko yezindaba (isihloko esikhulu, ukuchaza isihloko esikhulu, umzimba, nombono) ukubika kukafakazi obonile Imibhalo yolwazi: amabhrosha, amadokhumentari, izifundo zocwaningo Imibhalo yabezindaba, izikhangiso, amaphosta, ama-athikili amaphephabhuku Imiyalelo efana

		nemiyalelo yetshengisombono, imithetho yemidlalo, izinkombandlela Imibhalo ebonwayo: isib. imifanekiso, amashadi, amathebula, izithombe, umqondomdwebo, imifanekiso Imiyalelo efana nemiyalo yetshengisombono, imithetho yemidlalo, izinkombandela
--	--	--

OKUPHATHELENE NEMIBHALO

Imibukiso (ukunxenxa) Ukuziphendulela: ukubukeza kezindaba/izincwadi Ukuxoxwa: izindaba zangempela eziqanjiwe, izinsumo kanye nemizekelo, izinganekwane, izinsumansumane, izindaba zezehlo, amahlaya, izindaba zangempela. Ukuxoxa ngaye okufana nama-anekhdothi (izigameko ngendlela), okubhalwe kudayari Inkondlo, umdlalo, ukudlala indima	Imibukiso Ukuziphendulela okufana nokubukeza kezindaba/izincwadi Ukuxoxwa, isib. izindaba zangempela eziqanjiwe, izinsumo kanye nemizekelo, izinganekwane, izinsumansumane, izindaba zezehlo, amahlaya, izindaba zangempela. Ukuxoxa ngaye okufana nama- anekhdothi (esidlalwa kuzinkundla, izigameko ngendlela), okubhalwe kudayari Inkondlo, umdlalo, ukudlala indima	Imibukiso efana nokubukezwa kwencwadi Ukuziphendulela, isib. ukubukeza izincwadi / amafilimu Ukuxoxwa okufana nezindaba zangempela eziqanjiwe, izinsumo kanye nemizekelo, izinganekwane, izinsumansumane, izindaba zezehlo, amahlaya, izindaba zangempela, izindaba eziqanjiwe zomlando, izindaba eziqanjiwe zesayensi, izinkondlo ezixoxwayo. Exoxa ngobuyena okufana: nama- anekhdothi omlomo (adlalwa kuzinkundla, izigameko ngendlela, umbono wakhe), okubhalwe kudayari, imilando yabantu Inkondlo, umdlalo, ukudlala indima
--	---	--

OKUPHATHELENE NOMPHEKATHI/NOKUSEBENZA

Izingxoxo, isib. ukubuza, ukunikeza ulwazi ngomndeni Imibhalo yasenhlalweni, isib. izincwadi zobungani, amaposikhadi, amakhadi okufisela, amanothi,	Izingxoxo: ukubuza, ukuchaza, ukunikeza ulwazi ngomphakathi Imibhalo yenhlalo emfushane, isib. izincwadi zobungani/zasemthethweni,	Izingxoxo: ukubuza, ukuchaza, ukunikeza ulwazi ngomphakathi Imibhalo yasenhlalweni emfushane: izincwadi zobungani/zasemthethwen
--	---	--

imiyalezo	amaposikhadi, izaziso	i, amaposikhadi, i-imeyili, izaziso
-----------	-----------------------	-------------------------------------

Ubude beMibhalo yoLimi Lokuqala Lokwengezwa

Umsebenzi	IBANGA LESI- 4	IBANGA LESI- 5	IBANGA LESI- 6
Isigaba Amagama Imisho	ama-40-50	ama-40-50	Ama-50-60
